Downloaded from Stanmorephysics.com


# REASOMA SECONDARY SCHOOL

## IPHEPHA LESIKOLE

**IBANGA 08**

## ISIVIVINYO SEMIBHALO YOBUCIKO

**ISIZULU ULIMI LWASEKHAYA (HL)**
**ITHASKI YESI-8**
**2024**

**AMAMAKI: 30**

**ISIKHATHI: Ihora nemizuzu engama-20. (1.2hrs.)**

Leli phepha linamakhasi ayisi-8.

| UMHLOLI: Mnuz. S.E. Msani | UMCUBUNGULI: Nkk. C.M. Ngubane |
| --- | --- |

Downloaded from Stanmorephysics.com


## IMIYALELO KANYE NOLWAZI KWABAHLOLWAYO

1. Fundisisa kahle imiyalelo ngaphambi kokuba uqale ukuphendula imibuzo.

2. Leli phepha lineziqephu EZINTATHU.

   | | |
   |---|---|
   | ISIQEPHU A: Inkondlo | (10) |
   | ISIQEPHU B: Indaba Emfushane | (10) |
   | ISIQEPHU C: Umdlalo | (10) |

3. Phendula YONKE imibuzo ebuziwe.

4. Hlela isikhathi sakho ngale ndlela:

   - Inkondlo: [Imizuzu engama-20]
   - Indaba emfushane: [Imizuzu engama-30]
   - Umdlalo: [Imizuzu engama-30]

5. Qaphela ukuthi izinombolo ozisebenzise ezimpendulweni zakho ziyahambisana nalezo ezisetshenziswe ephepheni lemibuzo.

6. Qalisa isiqephu ngasinye ekhasini ELISHA.

7. Phendula usebenzise ulimi ohlolwa ngalo (IsiZulu).

8. Bhala ngobunono nangesandla esibonakalayo.

Stanmorephysics.com

Downloaded from Stanmorephysics.com


## ISIQEPHU A [INKONDLO]

## UMBUZO 1

Fundisisa le nkondlo bese uphendula imibuzo elandelayo.

**Ukuba Nje…**

1. Ukuba nje wena baba,
2. Wawungagcwele amathafa,
3. Ubalekela mina gazi lakho,
4. Ubalekela umama wami,
5. -Lona owayeyisithandwa sakho-
6. Ngabe…

7. Ukuba nje wena baba,
8. Wangibamba wangigona,
9. Wangichelela ngothando,
10. Wangihlakulela wangichelela,
11. Wangibiyelela wangivikela,
12. Wangifukamela njengesikhukhukazi
13. Ngabe…

14. Ukuba nje wena baba,
15. Wangikhombisa indlela,
16. Wangikhuza uma nginhlanhlatha,
17. Wathi thwansu ngoswazi,
18. Wangidiya ngeziyalo,
19. Ngabe…

20. Ukuba nje wena baba,
21. Wangitshela ngezinselelo ezizayo,
22. Wangihlomisa ngolwazi namaqhinga,
23. Ukuze ngiqine ezivunguvungwini,
24. Ukuze ngidle umhlanganiso,
25. Ngabe…

26. Ukuba nje wena baba,
27. Wangibuka emehlweni ami,
28. Lawa afana nakamama,
29. Wangibamba izandla,
30. Lezi ezifana nezakho,
31. Wangitshela ukuthi uyangithanda,
32. Ngabe angisanganganga,

Downloaded from Stanmorephysics.com


Ngisanganiswa ukutshelwa lokho,
Ngitshelwa amadoda engangithi ayangithanda,
Ngasangana ngadakwa adlala ngami,
Maqedane amba ambulula,
Njengoba nawe wenza kumama,
Ngasala nezilonda nezibazi,
Ziqaqele enhliziyweni yami,
Njengezibawu ziqaqele inkonyane.

Ukuba wena baba,
Wawukhona nobukhona bukababa,
Ngabe anginazibazi zokufa,
Ngabe anginazinyembezi zokufa.

**(IsiZulu Sethu Ibanga 8, 113-114)**

1.1 Hlobo luni lwenkondlo lolu? Sekela impendulo yakho. (2)

1.2 Awuthi qaphuqaphu ngokushiwo yile nkondlo. (2)

1.3 Nikeza uhlobo lokuxhumana okutholakala emgqeni wesi-3 nowesi-4. (1)

1.4 Nikeza umfanekisomqondo otholakala emgqeni wama-40. (1)

1.5 Ngakube isigqi sale nkondlo siyashesha noma siyacothoza? Sekela impendulo yakho. (2)

1.6 Ungayeluleka uthini imbongi nabanye ontanga yakho abalahlwe oyise ukuqinisekisa ukuthi abagcini sebedlala abafana njengembongi? (2)

**[10]**

Downloaded from Stanmorephysics.com

**ISIQEPHU B (INDABA EMFUSHANE)**

**UMBUZO 2**

**NGIXAKWE YINI NJE?**

Fundisisa lesi siqeshana bese uphendula imibuzo elandelayo.

"Mama akuvumi yini udle? Ncenga noma kungavumi. Ungavumeli **usathane** adlale ngawe. Uma kuwukuthi usakhathazwe indaba yalo muntu okuhlupha ngokukufonela khohlwa nguye."
Athi uyabuyela ekudleni kwakhe kwale. Avele aqoqe izitsha azibeke kusasele indindibala epuletini lakhe.
"Mntanami ayinginiki ukuthula indaba yalo muntu ongifonelayo." Ziqale ukuqina izinsolo kuFezeka, useyasola ukuthi kukhulu okushaya amanzi amanzi kunina. Bahambe-ke bayozilahla phansi egumbini labo lokulala. Athi uyazama ukuncenga ubuthongo bunqabe. UFezeka uthe engena embhedeni zaya, uphupha kude manje. UZakithi ulokhu eshintsha izinhlangothi akulaleki. Sekuqaqamba ikhanda ngenxa yemicabango. Kwaze kwaba yiphakathi kwamabili ebheke ngamabili uZakithi. "Kodwa uS'phiwe uwuhlupho empilweni yami. Okokuqala uyena owangilahlisa okwesidwedwe wangenza insini kubantu." Lo mcabango wamandisela ukuqwasha, aze avuke athathe incwadi yenoveli athi ukuyifunda ezama ukukhonga ubuthongo, lutho buthi ngiyofika lokhu. Kwathi ngesikade abuzwe buthi lelele, imphunyuke incwadi abeyifunda.
Aphaphame sekuthi klelele emnyango, ezwe kunokungqongqoza ekuzwela ebuthongweni. Acikice amehlo abuke isikhathi kuselula yakhe. Abelesele lo muntu ongqongqozayo. Alalelisise ezitshela ukuthi uzozwa izwi lomuntu othile.
Kuthi dukuduku kukhala iselula. Abe ukuyibheka abone ukuthi kuseyiso leso silingo. Azihudule ayiphendule.

**[IsiZulu Sethu, Ibanga 8, 65-66]**

Downloaded from Stanmorephysics.com


2.1 Shono abalingiswa ababili abatholakala bexoxa kulesi siqeshana. (2)

2.2 Ngabe imuphi lo sathane uFezeka akhuluma ngaye emgqeni wokuqala kulesi siqeshana? (1)

2.3 Shono ubuhlobo obuphakathi kukaS'phiwe noFezeka. (1)

2.4 Baxatshaniswa yini abazali baFezeka? (1)

2.5 Phawula ngesizinda sendawo nesimo senhlalo esitholakala kule ndaba. (2)

Stanmorephysics.com

2.6 Shono okuqondwe umbhali ngegama elidwetshelwe elitholakala kulesi siqeshana. Indindibala …

A. Ukudla okubolile.

B. Ukudla okumnandi.

C. Ukudla okuningi.

D. Ukudla okungenampilo. (1)

2.7 Ncoma noma ugxeke uZakithi ngokungamvuleli uS'phiwe ngenkathi efa amakhaza emnyango. Sekela impendulo yakho. (2)

**[10]**

Stanmorephysics.com

Downloaded from Stanmorephysics.com


**ISIQEPHU C [UMDLALO]**

**UMBUZO 3**

**KWAKUMELE UNGITSHELE**

Fundisisa lesi siqeshana bese uphendula imibuzo elandelayo.

**Isigcawu Sesihlanu**

(Kusesibhedlela uKwenza ukhuluma nogogo).

**uKwenza:** (Ekhala ebalisa.) Awu kodwa Nkosi yami ngizoba yini nje ngoLunga! Asale eseshona pho?
**uGogo:** (Sichiphiza isalukazi.) Ungabe usakhala Kwenza mntanami. Uhambe uhambile umzukulu. Awu kodwa ngibabaza isihluku somenzi.
**uKwenza:** Ngizothini nje kodwa kuThoko? Ngizomtshela kanjani kodwa mama? (Ezinikina ikhanda.)
**uGogo:** Selidume ladlula Kwenza. Nawe kodwa ngiyakwesaba. Wawungathatha ingane uyihlalise **nezimuzimu?**
**uKwenza:** Ngangingazi mama ukuthi kungaphetha ngale ndlela. Awu kwaze kwabuhlungu ngomfana wami.
**uGogo:** Umuntu owaganga nguwena Kwenza. Engani mina ngamuka ngaya kwaMaCele ngoba ngibona kona lokhu ukuthi sengingadla ngisho nento engasile. Kwakungamele nje ngempela uyiyise ingane laphaya. Mina ngabona nje ukuthi kukhulu kuyeza kuyanyelela.
**uKwenza:** (Akhale kakhulu.) Awu kodwa mama kwakumele ungitshele uma kukhona okusolayo. Buka manje ukuthi sekunjani?
**uGogo:** Ngangingakutshela kanjani kodwa mntanami ebe ekwehlula umkakho?
**uKwenza:** Awu kwaze kwanzima mama. Ukube kodwa wangitshela ngangingeke ngimlethe uLunga. Ibuhlungu inhliziyo yami mama. (Wasidinda kakhulu isililo.)
**uGogo:** (Emumbambatha ngesandla esisodwa nakhu esinye sibambe ubhoko.) Ungabe usakhala mntanami. Asigoduke, sesiyozwa ngombiko wodokotela ukuthi nhloboni kashevu lena ejuqe umzukulu.
**uKwenza:** Awe, awe, awe!
(Bagoduka bebonakala nje ukuthi baxegelwa ngamadolo.)

**IsiZulu Sethu, Ibanga 8, 103-104)**

Downloaded from Stanmorephysics.com


3.1 Shono igama likaKwenza eliphelele. (1)

3.2 Ibuphi ubuhlobo obukhona phakathi kukaLunga noKwenza? (1)

3.3 Phawula ngesizinda sendawo kanye nesimo senhlalo esitholakala kulesi sigcawu. (2)

3.4 Ikuphi okuqondwe ugogo Mpulo ngokusebenzisa igama 'izimuzimu' elibhalwe ngokugqamile kulesi siqeshana? Uqonde ukuthi uNingi …

A. ungumngani kaZonke.

B. ushadele esithenjini.

C. unonya nenhliziyo embi.

D. unguthishela. (1)

3.5 Shono okungenani OKUKODWA okwaxoshisa uGogo Mpulo kwaNingi. (1)

3.6 Shono okungenani izinto EZIMBILI uNingi ayehlukumeza ngazo uLunga. (2)

3.7 Ucabanga ukuthi kwakuyicebo elihle yini ukuthi uKwenza athathe umfazi wesithathu emva kokubona ukuthi uNingi uyamehlula? Sekela impendulo yakho. (2)

**[10]**

**AMAMAKI ESEWONKE: [30]**

Stanmorephysics.com